# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

43/2014 Intshumayelo ngesonto 9 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 17. 08. 2014

*Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.*

1. Iculo 248/183

2. **Umkhuleko:** Nkosi Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba usilondolozele umlayezi wentshumayelo yezwi lakho. Uyafuna ukuba nathi siwudlulisele kubantu bonke ukuba nabo bazi ngezikhathi namathuba abekwe nguwe ngokubuya kweNdodana yakho. Mawusisize ukuba nxa sizwa lamazwi, sizilungisele lesosikhathi ukuba sisifumane silindile, sizikhuze, sizithibe. Sesiyacela uMoya wakho oNgcwele ukuba asenze sibe ngabasha, asikhanyisele kukho konke lokhu. Nkosi, nanamuhla mawusiphe ukuba sibe abalizwayo izwi lakho, sibe ngabaphathi abahle bomusa wakho omninginingi. Sicela konke lokhu egameni likaJesu Kristu uMsindisi wethu sonke. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 3:7-14.

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 25:14-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 9/12

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku 1 Petru 4:7-11, lithi: "Kepha ukuphela kwezinto zonke sekusondele. Ngakho zikhuzeni, nizithibe, ukuze nikhuleke; kunakho konke yibani-nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono; anongenisana ngenjabulo, ningakhononi, nikhonzane, kube-yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo njengabaphathi abahle bomusa omningi-ningi kaNkulunkulu; uma umuntu ekhuluma, makakhulume njengokwamazwi kaNkulunkulu; uma umuntu ekhonza, makakhonze ngamandla awanikwa nguNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu adunyiswe kukho konke ngoJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube-phakade naphakade. Amen." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi yethu uJesu Kristu elihloniphekileyo, lelisonto lingelesishiyagalolunye emva komkhosi wobuThathwemunye. Lona liyasifundisa ngokuphela kwezinto zonke. Futhi liyaqondisa amehlo ethu esontweni leshumi esikhunjuzwayo ngalo ngokuchithwa kweJerusalema. Kwabanye abalinde ukubuya kweNkosi uJesu Kristu ngomkhuba othize, sizwile ukuthi abanye babezivalela endlini yokusonta, bezithungela umlilo kulendlu, bezishisa bonke, becabanga ukuthi ngokuphela komnyaka ka 1999, kuzovela ukuphela komhlaba. Labaya bakhohlwe izwi likaNkulunkulu elithi: Lolusuku ngokwempela naye uJesu Kristu wayengalwazi, lwaziwe nguYise kuphela. Ezwini lentshumayelo yanamuhla siyamfumana umphostoli uPetru eveza phambi kwamaKristu emhlabeni wonke ngokuphela kwezinto zonke. Kodwa siyazi ukuthi ukuphela komhlaba akubhekwa bonke abantu. Kukhona abathi: Lomhlaba uyilo izulu. Kodwa okunjalo kungamaphupho akhohlisayo kuphela, ngokuba iqiniso lezwi likaNkulunkulu lithi: "Kepha ukuphela kwezinto zonke sekusondele." Ngakho lokhu siyezwa inhloko yezwi lanamuhla. ithi: **"Ukuphela kwezinto zonke sekusondele."** Ngakho lokhu siyelulekwa ukuba1. sizikhuze, sizithibe, ukuze sikhuleke;

2. sibe ngabaphathi abahle bomusa omningingingi kaNkulunkulu;

3. sikhonzane ngamandla esiwanikwa nguNkulunkulu.

1. "Ukuphela kwezinto zonke sekusondele." Ngakho lokhu siyelulekwa **ukuba sizikhuze, sizithibe, ukuze sikhuleke.** Bandla, izwi leNkosi lithi: "Kepha usuku lweNkosi luyakufika njengesela mhla amazulu eyakudlula ngokuhlokoma; kuyakusha konke, kubhidlike; nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha." Liyaqhubeka lithi: "Njengokuba konke kuyakubhidlika kanjalo, kumelwe ukuba nibe-ngabantu abanjani ekuhambeni okungcwele nasekumesabeni uNkulunkulu," 2 Pet. 3:10-11.

Ngakho lokhu umphostoli uthi: "Zikhuzeni, nizithibe!" okusho ukuthi nibe ngabantu abahamba kahle, abaphila kahle. Yibo abaziyo ukuthi abazenzanga, kodwa benziwe nguMdali. Bamelwe ukumphilelela, nokukhonza yena yedwa. Ngokuzwa izwi lakhe nokusondela esidlweni somzimba negazi likaKristu ngenkuthalo, ngokusondela kuye, nokukhuluma naye emkhulekweni, njengabantwana bekhuluma noyise othandekayo. Nayo iNkosi ikhuluma nathi ngomfanekiso womahluleli ongalungile, yathi: simelwe ukukhuleka njalo, singadangali, Luka 18:1. Ngithanda ukuphawula neseluleko somphostoli uPawulu, lapho ekhuluma ngesikhashana esifushane ukuba siziphe isikhathi, sithole ithuba lokukhuleka, 1 Kor. 7:5. Uma izinto zomhlaba ziphumelela ukusiswelisa ukukhuluma noBaba osezulwini ngomkhuleko,

khona ukuphela kwezinto zonke kuyakusifumana sifana nabadakiweyo, abalele ubuthongo emini. Khona ukuchitheka kwethu kuyakuwela phezu kwethu ukudlula ukuchitheka okwaseSodoma naseGomora. Khona sizofana nabantu abangaphili kahle, abagulayo. Izwi likaNkulunkulu lithi: "Khulekani ningaphezi; kukho konke bongani; ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu kuKristu Jesu ngani," 1 Thes. 5:17-18.

2. "Ukuphela kwezinto zonke sekusondele." Ngakho lokhu siyelulekwa **ukuba sibe ngababaphathi abahle bomusa omninginingi kaNkulunkulu.** Bandla, izikhonzi zikaNkulunkulu azifani, njengokusho kwezwi elithi: "Kunakho konke yibani-nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono; anongenisana ngenjabulo, ningakhononi, nikhonzane, kube-yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo njengababaphathi abahle bomusa omninginingi kaNkulunkulu; uma umuntu ekhuluma, makakhulume njengokwamazwi kaNkulunkulu; uma umuntu ekhonza, makakhonze ngamandla awanikwa nguNkulunkulu." Kwenye indawo izwi lithi: "Kuphela hambani ngokufanele ivangeli likaKristu, kuze kuthi, noma ngiza nginibona noma ngingekho, ngizwe izindaba zenu zokuthi nimi niqinile emoyeni munye, nangomphefumulo munye nilwela inkolo yevangeli," Fil. 1:27.

Umphathi umelwe abe ophila kahle, engaguli ekukholweni. Okusho ukuthi noma umakhelwane wakhe ekhona kuye, noma engekho kuye. Nguye ozothiwa umnakekeli kukho konke akwenzayo ezikhathini zonke. Yibo abakhonzana ngokuyikho njengokusho kwezwi elithi: "Nikhonzane, kube-yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo!" Nakulendawo siyakhunjuzwa ukuthi konke esinakho sikwabelwe, kodwa uma sikhumbula ukuthi sikuphiwe, asikwazi ukukuphatha njengempango. Siyakukusebenzisa ngokufakazela uthando iNkosi ekhuluma ngalo, ithi: "Thanda umakhelwane wakho, njengalokhu uzithanda wena!" Uthando luyaqhuba abaphathi bezwi likaNkulunkulu ukuba naphakathi kwezilingo eziningi nasezinhluphekweni nasebumpofwini babo, nengcebo yentokozo yabo yenza ukuba kuvele uthando olukhulu lokwabela, njengalokhu kulotshiwe ku 2 Kor. 8:2-3 ukuthi: "Ekuvivinyweni okukhulu kosizi ukuthokoza kwawo okuvamileyo nobumpofu bawo obukhulu kwenza ukuba avame kakhulu ekuphaneni okupheleleyo; ngokuba ngokwawo anikela njengamandla awo, yebo, ngiyafakaza ngithi, nangaphezu kwamandla awo."

"Ngumuphi-ke umphathi othembekileyo noqondileyo, inkosi yakhe eyakumbeka phezu kwabendlu ukuba abanike isabelo sabo sokudla ngesikhathi sakho? Ibusisiwe leyonceku okuyakuthi inkosi yayo, nxa ifika, iyifumane yenze njalo," Luka 12:42-43. Kuyadingeka ukuba

abaphathi abanjalo bangalali ubuthongo bokuziphilela nje, kodwa okuyakuthi iNkosi yabo, nxa ifika, ibafumane, benze konke ngokwentando yeNkosi.

3. "Ukuphela kwezinto zonke sekusondele." Ngakho lokhu siyelulekwa **ukuba sibe ngabaphathi abahle bomusa omninginingi kaNkulunkulu.** "Kepha ukuphela kwezinto zonke sekusondele. Ngakho zikhuzeni, nizithibe, ukuze nikhuleke; kunakho konke yibani-nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono;" okusho ukuthi uthando lukaNkulunkulu lusibekela inqwaba yezono zethu, kanjalo nothando lwethu lusibekele inqwaba yezono zomakhelwane wethu; "anongenisana ngenjabulo, ningakhononi, nikhonzane, kube-yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo njengabaphathi abahle bomusa omninginingi kaNkulunkulu." Bathandekayo, amazwi okugcina kwezwi lentshumayelo ayathinta inhliziyo yekholwa, uma eyikholwa eliphilayo. Wona athi: "Uma umuntu ekhuluma, makakhulume njengokwamazwi kaNkulunkulu." Isibonelo singuMose owayesethi kwabakwaIsrayeli: "UNkulunkulu uyakunivusela umprofethi kubafowenu onjengami," izE. 7:37. Okusho ukuthi nimuzwe, nenze akuyalayo. Okhulumayo engenzi, yena uyafana nedlambi lolwandle eliqhutshwa, ligujiswa ngumoya.

Bakithi, uNkulunkulu wabela lowo nalowo isipho ngokwamandla akhe. Ngaleziphiwo sinokukhonzana, nokuthwalisana imithwalo yethu. Masingazifulathele ngomhaha, kodwa selule izandla zethu, sabele abanye ngamandla esiwanikwa nguNkulunkulu nangeziphiwo esabusiswa ngazo, njengokusho komphostoli uPawulo ukuthi: "Ngokuba njengalokhu sinezitho eziningi emzimbeni munye, kepha izitho zonke azinamsebenzi munye, kanjalo thina esibaningi singumzimba munye kuKristu, kepha ngabanye siyizitho, omunye esomunye. Sinezipho zomusa ezahlukileyo ngokomusa esiwuphiweyo; uma singesokuprofetha, asiprofethe ngesilinganiso sokukholwa; uma singesokukhonza, kube-senkonzweni, ofundisayo, kube-sekufundiseni, oyalayo, ekuyaleni; owabayo, enze ngobuqotho; oholayo, ngenkuthalo; ohawukelayo, ngentokozo." Rom. 12:4-8. "Uma umuntu ekhonza, makakhonze ngamandla awanikwa nguNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu adunyiswe kukho konke ngoJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube-phakade naphakade. Amen." Siyaqinisa sithi: Imisebenzi yethu emihle, ayisenzi sibe ngabalungileyo phambi kukaNkulunkulu, samukelwa nguNkulunkulu singabalungileyo ngokukholwa nguJesu Kristu. Imisebenzi emihle iyizithelo zokukholwa, njengokusho kwezwi elithi: "Kanjalo-ke nokukholwa, uma kungenayo imisebenzi, kufile ngokwakho," Jak. 2:17. Nathi ake sithathe isibonelo saloya mfelokazi

owathanda noma engasalelwanga lutho, wabela ngezimadlana akhe okugcina, azi, aqinisa ukuthi uNkulunkulu unguye onguMuphi wakho konke okuhle. Akanakumswelisa ngalutho.

Bandla, nathi, ake silalele lelizwi, sikhonze ngamandla uNkulunkulu asiphe wona, singangabazi ngentethelelo esiphila ngayo, nangamandla esiphiwe wona, kodwa ngezabelo zethu sibe abadumisayo uNkulunkulu ngaye uJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube-phakade naphakade. Amen." Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba wasilondolozela umlayezi wentshumayelo yezwi lakho. Silapha, sizwile ukuba singakhohlwa, kodwa sikhumbule ukuthi lomhlaba awusilo ikhaya lethu. Izwi lakho lithi: "Ukuphela kwezinto zonke sekusondele." Ngakho-ke siyacela kuwe ukuba usisize, Baba, ukuba usifumane sizikhuze, kungabi njengeziguli ukuze sifinyelele kuwe, sibe esikukhonza ngokuthembeka siselapha kulomhlaba. Mawusisize ukuba uthando lweqiniso lubonakale kithi, sizilungisele ukukudumisa ngakho konke esikwabelwe ngaye uJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube-phakade naphakade. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 179/178

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2002/2008/ 2014 ngu-T. Ratshefola

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.